NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2021

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II**
**ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II**

Isikhathi: Amahora ama-2½ — Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-10. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

---

IEB Copyright © 2021

## ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - ulwazi lwendaba
  - ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  - ukubhala inani lamagama
  - isipelingi esihle
  - ulimi oluhle

### UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni. Phendula imibuzo engezansi.

ZAMA: Konje wena ubufuna ukungixoxela yiphi indaba? Kungakuhle uma ungangitshela ezimnandi. Sikhohlwe nguThemba nezakhe.

MZWAKHE: U*bra* KK ubengixoxela ngendawo yokuvakasha yaseBotswana okuthiwa iyisimangaliso. Ungitshele ukuthi le ndawo inayo yonke inhlobo yobukhazikhazi basemhlabeni ongase ububone ngamehlo engqondo.

ZAMA: *(Elangazelela ukuzwa kabanzi, uhlahla amehlo kuhle kwenkomo izohlatshwa)* Awuze nazo Mzwakhe mina ngize nendlebe.

MZWAKHE: Ngaphandle nje kokuba yindawo yokungcebeleka, uthi kule ndawo uthola yonke into oyidingayo uma nje **inkece** ithi baba lapha kuwe. Kukhona nezindawo zokugcinwa kwemvelo lapho ungabona khona nezilwane zasendle ezinjengamabhubhesi nezindlovu. Izivakashi zikwazi ukuchitha amaholide azo ezindaweni ezingazithokozisa kuzo ngobuhle bemvelo ezibizwa ngama*game lodge.*

ZAMA: Sengiyezwa manje ukuthi uthini. Mhlawumbe le ndawo ngingayifanisa namadolobhakazi anjengeTheku neGoli lapho ocishe uneliseke ngazo zonke izidingo zakho, inqobo nje uma ungakhali ungashayiwe.

[Sicashunwe enkundleni 1, esigcawini 9, ekhasini 39/40]

1.1 Lezi zithandani zazixoxa ngokuya kuphi? (1)

1.2 Yini etholakala kule ndawo? (1)

1.3 Khetha impendulo okuyiyo? ***Inkece …*** (1)

1.3.1 isilima
1.3.2 imali
1.3.3 inkinga

1.4 UMzwakhe no*bra* KK bazana kanjani? (1)

IEB Copyright © 2021

1.5 UMzwakhe wayeqamba amanga kuZama ngenhloso yalolu hambo. Sekela lo mbono. (1)

1.6 Yiziphi izinkinga uZama ahlangabezana nazo ngokuzwana noThemba? (2)

1.7 Funda la mazwi angezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

| "Ngithi ngoZama kuzofa umuntu." |
|---|

[Acashunwe enkundleni 5, esigcawini 16, ekhasini 182]

- Phawula ngobudlelwano bukaZama noMzwakhe. Bhekisa kulawa mazwi angenhla. (3)
- Wena ufundeni ngobudlelwano babo? Lokhu okufundile kuzokusiza kanjani empilweni yakho? (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[15]**

IEB Copyright © 2021 

## UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

Isizinda sinomthelela omkhulu empilweni yomuntu. Bhala ubhekise kulokhu okulandelayo:



[<www.google.co.za>]

- Indawo nezehlakalo (*events*) lapho kwenzeka khona lo mdlalo. (2)
- Isikhathi lo mdlalo owenzeka ngaso. (2)
- Isimo senhlalo nendawo abaphila kuyo ukufakazela isikhathi. (5)
- Le ndawo ibe namthelela muni kulaba balingiswa:
  - UMzwakhe (2)
  - UZama (2)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[15]**

IEB Copyright © 2021

## UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130** kuya **kwayi-150**.

UZama uvakashela uMzwakhe ejele, emva kokuphuma kwesigwebo. Bhala i**ngxoxo** phakathi kwabo ngezinto abadlule kuzo nekusasa labo.



[<www.google.co.za>]

| | |
|---|---|
| Ingqikithi (okusendabeni = 7 / okwakho = 3) | (10) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (2) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |
| | **[15]** |

IEB Copyright © 2021

**UMBUZO 4**

Funda lesi sitatimende esingezansi. Bhala **izigaba** ezizoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**.

Ubugebengu abukhokheli. Kulo mdlalo sithola umlingiswa omkhulu uMzwakhe osafunda isikole enza ubugebengu.

- Veza umbono wakho ngalesi sitatimende, **"Ubugebengu abukhokheli."** (2)
- Bhala abalingiswa abathathu enza ubugebengu nabo. Bachaze. (3)
- Chaza ngezinhlobo zobugebengu ababenzayo. (3)
- Izizathu ezazenza uMzwakhe enze ubugebengu. (3)
- Bhala ngesiphetho salobu bugebengu. (3)
- Veza imizwa nemibono yakho ngokuboshwa kukaMzwakhe. (3)
- Izeluleko ongazinika uMzwakhe ngobugebengu. (4)

Isakhiwo (1)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[25]**

**Amamaki angama-70**

IEB Copyright © 2021

## ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - Isakhiwo esifanele
  - Ithoni nerejista efanele
  - Ulimi oluhle
  - Isipelingi esihle
  - Ingqikithi enhle
  - Ikhono lokuziqambela
  - Ukubhala inani lamagama

### UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 **Incwadi yobungane**

Unyaka ka2021 ubungelula ngenxa yobhubhane **i-COVID-19**. Bhalela umalume wakho omthandayo ohlala eMelika umchazele ngobunzima balo nyaka eNingizimu Afrika.



[<www.google.co.za>]

Bhala **incwadi** yakho ufake lokhu okulandelayo:

- Umbono wakho ngalolu bhubhane **i-COVID 19**. (2)
- Imigomo okumele ilandelwe ngabantu. (2)
- Impilo emindenini/ekhaya. (2)
- Okumayelana nemisebenzi. (2)
- Ukufunda umatikuletsheni. (2)

Isakhiwo (6)
Ulimi nohlelo (3)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[20]**

**NOMA**

5.2 **Inkulumo**

Umngane wakho omkhulu uthole umfundaze (*bursary*) wokufunda phesheya. Ucele wena ukuthi ubeyisikhulumi sosuku emcimbini wakhe wokumvalelisa.




[<www.google.co.za>]

Bhala **inkulumo** yakho ufake lokhu okulandelayo:

- Chaza ngobudlelwano nobungane benu. (2)
- Yena, ungumuntu onjani empilweni. (2)
- Ikusasa lakhe. (2)
- Izifiso zakho ngaye. (2)
- Wena, uzizwa kanjani njengoba ehamba. (2)

Isakhiwo (6)
Ulimi nohlelo (3)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[20]**

## UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60 kuya kwangama-80**.

### 6.1 Umlando kamufi

Umculi odume kakhulu eNingizimu Afrika ushone engozini yemoto. Wena, njengelunga lomndeni uceliwe ukuthi ubhale **umlando** wakhe.



[<www.google.co.za>]

Bhala **umlando** wakhe ubhekise kulokhu okulandelayo:

- Umuntu oshonile.
- Imininigwane yakhe.
- Imfundo yakhe nalapho asebenze khona.
- Amagalelo akhe.
- Usuku ashone ngalo.
- Abantu abashiye emhlabeni.


| | |
|---|---|
| Ingqikithi | (6) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (1) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |
| | **[10]** |

**NOMA**

IEB Copyright © 2021 

6.2 **Izincomo (*Reviews*)**

Ikilasi lakho likamatikuletsheni belivakashele indawo yokukhangisa ngamagugu esintu (*cultural village*). Uthisha wakho wesiZulu ucele wena ukuthi ubhale **izincomo** ngale ndawo.



[<www.google.co.za>]

Bhala **izincomo** ubhekise kulokhu okulandelayo:

- Indawo.
- Enikubonile/enikutholile.
- Ongakwenza kule ndawo.
- Ukudla.
- Okuthandile nongakuthandanga.
- Abantu bakhona.

| | |
|---|---|
| Ingqikithi | (6) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (1) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |
| | **[10]** |

**Amamaki angama-30**

**Amamaki esewonke: 100**

IEB Copyright © 2021